Ilanga lase Natal, 14 November 1919.


| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ilanga lase Natal* |
| DATE: | 14 November 1919 |

LEGEND:
[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.


CONTENTS:
Laments Bishop Colenso's death. Langalibalele's entourage to exile. Langalibalele's repatriation.

# AmaHlubi

(NGU M. M. FUZE)

Konje bangaki kulaba esesike sabezwa owazidela inhloko yake ngomuntu paqa, wahlukana uqobo nezihlobo nabangane bakhe ngomuntu nje enge ini naye njengoSobantu njena? USomtseu noSobantu babetandana umuntu emunye bahlukene ngamakanda; kodwa kwathi ngokubulawa kukaLangalibalele bahlukana. Nenhliziyo yake ngokunjalo yaza yangena nasenzalweni yake, yamfuza nayo ngokuhaukela umuntu ohlupekayo, kwati nokugoduka kwake kulomhlaba kwabangela umuntu wonke omnyama isilingozi sokuti "Konje usishiye nje asisenaye umbuzeli oza kusizwela ezinsizini zetu esikala ngazo kulomhlaba osibandhlululayo."

Kanti-ke qa! masitembe, njengamazwi alowo wasendulo, owati ngokutemba kwake wati: "UYAHWE uyangalusa, angiyikuswela luto. Nonxa ngihamba esigodini setunzi lokufa angiyikwesaba okubi nakuloko" Masikumbule ukuti kakude nati uBaba wetu, usipete sonke imihla ngemihla, nonxa sesihlukene nabo bonke abakiti.

## Isahluko XIII.
## UMUZI OWAPELEZELA ULANGALIBALELE

Abapelezela uLangalibalele kwaba yindodana yake uMalambule (owabe ebekwe icala lokubulala umuntu) nonina omncane uNokwetuka 'oka Jozana' kwabuya kwalandela enye inkosikazi uVokwe, owabe impeleki yeNdhlovukazi okaSobhuza; kwabuya kwaya okaSilele noka Sinoko 'ababese batsha bobabili.'

Wahlala kona lapo esiqingini eRobben Island, waza wakululwa yizwi lika Lord Carnarvon owabe ngu Secretary of State for the Colonies ngaleyo nkati. Bakululwa qede esiqingini lapo bafunelwa umuzi pakati kwomuzi eCape town. Okwaza kwati ngo 1880, ukuhambela kukaSobantu eRini mdhla ebizelwe ukuya kuqinisa abeBandlhla lase Church of England kona, epelezelwa yindodakazi yake uDhlwedhlwe, wadhlula waya kubabona, sebe kunye nenKosi yamaZulu uCetshwayo. Wabafunyanisa behlezi kahle betokozile bobabili, indodana noyise, bezwana, behambelana kunye nemizi yabo, loku pela indodana yabe inomuzi omkulu kona le; ati uyise angapisa utshwala nendodana itshelwe iye, kudhliwe kuhleziwe kanyekanye; kuti ngenye inkati uyise aye kona.

Abelungu baseNatal kambe babekokela abase Kipi njalo imali yokwondhla uMutimkulu ngokulondwa kwake. Kepa kwati ukufika kukaSobantu wakuliswa umuma wemali waza waqeda

isandhla '£500' amakulu aompondo. Okwahamba kwahamba kwaza kwagcina ngokubacunula abapati bezwe laseNatal, babona ukuti bayadhleka ngokuhleze bekokiswa imali eningi kangaka ngexegu elingase namkuba elingeze lenza luto olubi noma libuyiswa, bambuyisa weza lapa kiti. Loko ke kwenzeka engaseko uSobantu ngoba pela wagoduka ngo June 20, 1883, inganti uLangalibalele angahle abe wabuyiswa ngo 1884 kumbe ngo 1885 nxa ngingaposisi. [these Magema Magwaza's dates are incorrect, Langalibalele returned to Natal in 1887].

Angazi ukuba ukutokoza kwenkosikazi namakosazaza nabantu bakaSobantu kwaba ngakanani, bebona umsebenzi omkulu owabe ulwelwe nguSobantu ufezekile. Kwajabula abantu bonke, angiwapete amakosikazi ake nabantu bake, loku pela babegcwele kona lapa eKukanyeni. Kwawa enkulu inkabi kumakosazana ehlabisa inKosi yamaHlubi kwawa futi enye yomuntu wasemaHlutshini, unina kaMatshindana, umuntu wake.

## Isahluko XIV.
## UBUNGAKO BAMAHLUBI EKUKANYENI.

Amakosazana abes'Ekukhanyeni yilawa: '1' UMzamose 'oka Sobhuza' unina kaSiyephu noNceku noZiwelile '2' oka Mandhlangampisi unina wamadodana omabili '3' oka Ndumndumu unina kaZatshuke noMnukwa '4' oka Mboni unina kaNoziposo noMbulawa noZifoso; oka Malunge unina kaGabandwana noJabhisa nodadewabo omkulu; '5' uVokwe 'inkosikazi eyabuya yalandela oka Mdakane yaya enKosini eRobben Island.